# 4. Unyaka Omusha

Sengibhokelwe ukukhathala. Inde nendlela esengiyihambile kulezizinsuku ezedlule. Okuyisixako kakhulu ukuthi lendawo angiyazi kahle. Njengoba sekusebusuku nje sengingangena engozini. Phoke uma kungubusuku bokunqamuka konyaka khona nabantu bake babe yimidlwembe ngokunye, begajwe ukujabula. Angikwazi ukungena emzini wabantu ngoba kungenzeka bacabange ukuthi ngiyisigebengu. Nawo lomshini ebengiwufuna angisaqondi kahle manje ukuthi ukuphi.

Ha, kuleliyasango laleziyazindlu? Sengathi kukhona indoda emi ngakhona. Ibasile. Kusho ukuthi yiphoyisa lakhona. Uma linobubele lingangiqubisa nje kuze kuse ngibuye ngedlule ekuseni ngiyohlwaya.

Nangempela ngaya khona ngihamba nginokunqikaza. Ngathi nxashana ngisondela ngasesangweni, indoda yangihlaba emehlweni ngethoshi, yamemeza: "Yima khona lapho wena!" Ngathi khimilili. "Khuluma masinyane ukuthi ungubani, ufunani lapha ngalesisikhathi."

"Cha, ngiyisihambi Baba, sengibulewe ngamakhaza. Bengicela ukuba ngithole ukotha nje, ngizokwedlula ekuseni."

"Awuyisona isigebengu?"

"Cha."

Ngaso lesosikhathi kwasondela imoto yama esangweni. Yase lendoda ithi angisheshe ngisondele. Ngasondela. Kanti lemoto ngeyomunye umLungu wakuwo lomshini, ubedlula ezophonsa iso ukuthi kusahamba kahle yini kulaba ababhekile. Ngibizwa nje ngoba lendoda isimtshelile ukuthi ngithena ngicela ukuthi gozololo.



Nginele ngifike ngakubona, bangiphumputhe bathi bafuna ukubona ukuthi anginazikhali yini. "Phela zningi izigebengu eziza kanjena emaphoyiseni kanti zifuna ukuganga. Ngeke-ke nathi sayeka ukuba sikuhlùphe." Cha, kube sengathi bayangethemba, bese bethi ngingake ngihlalahlale ngasemlilweni. Ziye emotini.

Ngithi ukuyeba lendoda. Ifake ijazi nje, yaphatha iwisa layo. Yathi uma iqoshama emgqonyaneni, ngabona kuvela ozankosi lapha okhalo.

Yona isikhulile, isho ngehende lakwabo, bese ifaka isigqoko ekhanda. Uma ngibuthi janti lobubuso, kube sengathi ngake ngabubona.

Konje ngabubonaphi? Hhayi kungenzeka ukuba ngibufanisa nenye yezingane engake ngafunda nazo. Pho ngingabe ngisazi yini zizningi nje izikole esengedlula kuzo?

Lendoda ihlokoze amalahle lapha embawuleni, athi khephu, nayo ize iqhiyame ngenxa yokushisa komlilo.

"Manje-ke isibongo mntanami?" Ingibuze ithi ukuthufela ibheka ngakimi.

"NgingowakwaNyandeni Baba, eNtumeni."

"Yebo-ke Nyandeni. Pho libangiswephi?"

"Kukhona engiyombheka emshinini kamentshisi. Konje ngisekude yini uma ngilapha?"

"Hhayi, akusekude neze. Yikho nje ukuthi sekusebusuku, angiboni ukuthi kulungile ukuba wedlule manje. Pho manje unesihlobo khona?"

"Kunjalo."

"Hhayi, ngiyokukhombisa sengishayisa nami ekuseni. Kumanje nje kubana. Njengoba sekuzonqamuka unyaka nje, nawe uzowuzwa umsindo ozosuka lapha kulelidolobha. Ozula emgwaqeni yedwa-ke ngalesosikhathi usuke ezifunela utaku nje."

Sithi ukuxoxa kancane. Lelikhehla likhiphe iwashi elineketango, lilibuke. Bese lithi: "Hhawu, sekuzosuka lokho, nathi kesivalelise onyakeni omdala, sibone ukuthi omusha kukhona yini amathemba amasha oza nawo."

"Kunjalo. Kuningi kulonyaka esiwuqedayo ebukusinda. Mhlawumbe kuzoba ngcono kulona ozayo."

Ihleke lendoda: "We, nawe sekukhona okukukhathazayo mfana wami ungaka? Uyaganga. Wobuza kithina ngokukhathazeka. Uyakwazi ukukhathazeka uze udele, uzinikele kukhona ngoba kungasekho masiza? Wena usemncane kakhulu ukuba ungazi lokho. Awubheke nobuswana buseyimpulule ungathi obentombazana! Uyabubona obami, bonke lobuboya busho ukukhathazeka. Awuboni nje, sebuqala nokuba mhlophe." Ahleke futhi: "Uyabona lapha ekhanda," akhumule isigqoko, kuvele impandla, "zonke izinwele lezi zaxoshwa yizo izinsizi. Wena-ke ungaka ube ungitshela izindaba zezinsizi, uyaganga."

"Kwakwenzenjani Baba izinsizi zize zikwenze njena nje?"

"Hhayi, mntanami, okwethu akuxoxwa. Kungaze kuse uqobo lokusa. Nalelo laseNtumeni njalo siyalazi thina. Phela eqinisweni mina ngingowaseNembe. Uyakubona eNembe?"

"Yebo, kungaphambi kwakwaKhangelani."

"Uyakwazi kanti. Kulapho sasakhe khona Fana. Kulapho sasihubhana khona nokufa."

"Nokufa?"



"Ngisho ukuthi phela sasihubhana ngoba kwakuthi noma sizama izindlela zonke zokukubalekela kube lapha. Kwasuke kwahlala ze endlini yakwethu Fana. Imihlola yini, kwaba sengathi kuqalela kude. Kwaqhwabaza umzala ozalwa ngudadobaba, kwalahla phansi. Kwalandela inkosikazi yakhe, kwathatha umshubo. Imihlola ukuthi akusikhona nokuthi bagula isikhathi esingakanani njalo. Kuthi kusaphuthazwa amakhathakhathana, kuzwakale ukuthi kade kumhlwithile.

"Sithe sikukhomba kwababekazi, kwabe sekufutha lapha egcekeni. Kwangubuqhoboqhobo. Kwangenela abendlu yasokhohlo. Sabayathe sabayathe. Ngampampa njengohlanya ezinkalweni ngithungathana nezinyanga. Kwazona, ezinye zazo sezesaba nokulubeka nje lapha ekhaya. Phela zesaba ukuthi kungase kuzibhudukeze nabomndeni kwazona. Futhi namanje Fana ngisasho ukuthi bakhona abantu abanemithi phandle lapha. Phela leyanganekwane yayingeke yazivelela nje kungekho mthakathi obelesele ngomuthi wakhe.

"Kwenzeka konke lokhu nje inkosikazi yami ikhulelwe. Kanti sekuzongena khona impela ebantwaneni bami. Kwamthatha umfana omdala. Kwalandela udadewabo. Kwasuke kwathi bha nje manje ukuthi kuzosizila ngempela. Mina sekungikhanyele ukuthi nami uqobo angisasalanga uma kunjena. Okuthanda ukumangalisa ukuthi asebebadala kakhulu cha kuyabagwemela. Bheka ngoba kwenzeka lokhu nje umama ozala mina impela usadla amabele. Ungathi yena ubekelwe khona nje ukuba abone izingane zakhe nabazukulu beqotshwaqotshwa yilesisitha esingabonakali.

"Ngalesisikhathi-ke nathi ngabe sesibalekile lapha ekhaya. Into enzima ukuthi umkami unzima kakhulu. Uma singathi siyahamba kungase kwenzeke kufike ukukhululeka kwakhe esendleleni. Ngcono khona siqube noma singazi phela noma silindela emathonsi banzi yini.

"Asekwenzeka indaba-ke esekhululeka umkami esethola amawele . . ."

"Amawele!"

"Ehhene Fana, amawele. Ngabafana bobabili. Kwaqala phansi-ke manje kithina ukukhathazeka. Okuyikhona okusikhathaza du ukuthi thina asikholelwa ekuthini anesibusiso amawele uma ezelwe ekhaya. Yikho kukhona nesiko lokuthi ngcono elinye lendiswe ngoba uma lingabulewe ngase kube khona okungahambi kahle ekhaya, noma omabili imbala ende.

"Kithina-ke okwakhanya kakhulu ukuthi nakanjani uma kungaqhubeka isikhathi ekhona omabili amawele, njengoba nezinto zingamapeketwane nje, zizodlibhizeka ngokunye. Angihlonizi Fana ukuthi mina ngangimenye ingebhe. Ngangizwa nasegazini ukuthi nanini kungase kungigalele lokhukufa okugqigqa ungogqigqa emzini wami.

"Ngaqala ngokuyibhunga nomama lendaba ngingakayi nakumkami. Ngafika kuyena kuhlengezela izinyembezi. 'Njengoba kunjena nje Mama senzenjani? Nakhu umlobokazi wakho ebelethe ngalendlela.' 'Angazi mntanami. Nami ngiphatheke kabi njengawe nje. Ngiyalazi isiko. Nakimi uqobo uyazi ukuthi kwaba njena. Nanibabili nifika, kodwa saphoqeka ukuba simendise udadawenu, kusale wena. Khona ngiyazi ukuthi sekukhona umoya wokungakwenameli lokho ngenxa yokwanda kwemithetho ehambelana nenkolo le efikile. Kodwa-ke . . . cha futhi angingasho lutho mntanami. Yenzani ngokubona kwenu.'

"Kwasuke kwahlwa nje ukuthi yini esingayenza. Lelolanga Fana yilanga engiyoze ngiye kwamhlaba ngingalikhohlwanga. Ngangihlala ngihlale phandle ngicabanga, ngibuye ngingene endlini ngibabheke lababantwana. Ngibathande bobabili abafanyana bami. Bobabili babonakala bephilile. Akekho engingathi ngizobeka izatala zokuthi simbulele ngoba simbona eyintekentekana. Ngibuye ngiphumele phandle. Kube sengathi liyasho izwana ukuthi uma ngilibala isikhathi eside kusazoqhubekela phambili ukonakala.



"Okwasuke kwaphithanisa izinto ukuthi sathi uma siyithi hloko indaba kumkami, waqhumuka wakhala, wancenga ngezinyembezi ukuthi abantwana abangenziwa lutho. Samtshela ukuthi ukungenzi lutho kwethu kungase kube ukuzidonsela amanzi ngomsele kanti vele agobhozela kithi. Waba wuqanduqandu manje, wathi ngcono-ke uma befa bavele bazifele bona, hhayi ngesandla somuntu.

"Hhayi, ngabona ukuthi ngcono ngiyithungele ebandla namakhehla injobo. Ngaya kobaba abanye ngiyofuna izeluleko. Kubona kwaba yinto elula nje. Uma kungamawele njalo, nakanjani kuzoba khona inhlekelele esingayazi uma ngabe siwayeka akhule omabili. Inhlekelele izokwedlula leyo ezoba khona ngokufa kwelilodwa. Ngabayathe ngabayathe, abadala bama ekuthini nje bona sebeyazazi izinto. Uma ngabe angifuni-ke ukuthatha iseluleko sako, ngingakhali ngabo ngomuso. Elasuke langiqeda du elekhehla elashaya ngamafuphi nje lathi: 'Isalakutshelwa sibonwa ngomopho-ke ndodana.'

"Ukusuka kulawomakhehla kwakusengathi ngihamba ende indlela lena. Ngangihamba ngihambe, ngime ngibe yisikhonkwane. Okuyikhona okungiqeda du ukuthi kuzokwenzeka kuthi leliwele esilibulalayo kube yilona kokunye ebelizophila, kusale ebelizovele life. Kwakunzima Fana."

Abuye ahlokoze umlilo. Asukume athi ukuzulazula eqalaza ndawo zonke. Abuye abike ukuthi kusathule konke.

"Ngigcine-ke ngithi kwaba nzima ukuthi ngingathatha siphi isinyathelo. Kodwa ngathi uma ngingena ekhaya, kwangathi kukhona izwana elingihlebelayo lithi kufanele ngithobele iseluleko sabadala ngoba nangempela uma ngingasithathi ngiyozikhala. Pho ngizombhekelwa ngubani umkami?

"Ngangena ekhaya ngahamba ngayohlala ngedwa kwenye indlu. Kwaze kwangena umama ezobuza ukuthi ngabe sengiyagula yini. Ngalandula ngamchazela konke. Ngangilokhu nginethemba lo-

kuthi mhlawumbe naye uzovuna umkami, bese kuba sengathi yibona abangiphoqe ukuba ngingawenzi lutho amawele. 'Mntanami, kulukhuni, ngiyavuma. Kodwa-ke uma noyihlo labo benombono wokuthi akufezeke isiko ngeke sasho lutho. Nakimina imbala kuzosika, kodwa-ke isiko mntanami alenzelwanga wona umdlalo. Lisuka kokhokho abathi ngokulilandela babona ukuthi yiyonanto ezoletha insizakalo. Yiqiniso ukuthi amasiko amaningi awabalulekile, kodwa mina angiboni ukuthi kwakungaba khona isiko elithi akukhishwe umphefumulo womuntu ongenacala kungekho sizathu. Okhokho abahlakaniphile-ke bathi uma belibona lelisiko bafumana ubuhle kulona, yikho-ke laqhutshwa nje. Amanye angenamsebenzi ashabalala kudala. Akukho-ke okunye engingakusho. Sengishiyela wena mntanami.'

"Umama wakhuluma lamazwi akabe esangibheka nakungibheka. Wakhophoza. Ngamcela ukuthi akube nguyena ohambisa lezizindaba kumkami. Wavuma ukuthi uzokwenza lokho. Nangempela waphuma. Ngezwa isililo nje siphuma endlini ayekuyo umkami, ngazisolela ukuthi umama usemtshelile izindaba ezibuhlungu. Lesosililo sathinta eyami inhliziyo nami ngacishe ngakliwula ngiyindoda. Kwakunzima Fana." Yawuhlokoza umlilo, yahosha iwashi yabuye yalibheka.

Ngathi uma ngiphakamisa amehlo ngibheka lendoda, ngelamela ukuthi kanti kucwebe izinyembezi.

"Inkinga eyalandela lapho-ke Fana eyokuthi ngubani ozokwenza umsebenzi wokubulala. Nalapha sahlanganisa amakhanda noma-ma. 'Okwenza kube nzima mntanami ukuthi akusekho ukwethembana. Njengoba kubelesele ukufa kangaka nje sekulukhuni ukuba sibuye sethembe abanye abantu. Wona lomsebenzi onzima besingawugudluzela komunye umuntu. Into nje uvalo lwami manje olokuthi uma singadedela abanye abantu bangaphandle benze lomsebenzi, bangase bathole ithuba elinye lokwenza imikhuba yabo.' 'Pho senzenjani ngoba mina ngeke ngayenza lento?' 'Ngiyazi ukuthi kulukhuni. Kodwa-ke uma zinjena izinto kumele kube khona umuntu omunye ongase adliwe unkatho. Ngithi-ke mntanami noma nakimina kunzima, ngizokwenza lokhu. Nami ngeke ngisahambisa nangesiko, ngoba uma kuba khona abangase babone lapho senzele khona lokhu, bangenza okwabo futhi.'

"Sanquma isikhathi-ke ukuthi kuzothi uma kuthi hwalala nje uqale umsebenzi lowo.

"Uma kusakhulunywa ngento abubonakali kahle ubunzima bayo, kodwa uma seyenziwa ngempela ziyajika izinto. Lashona phela ilanga kwadingeka ukuba uqale umsebenzi. Sekumele kuyiwe endlini leyo kudunjwe elinye iwele ngokonkatho lwabaphansi nje.

"Sahamba nomama ukuya endlini akuyo umkami. Sangena Fana. Waqala phansi umkami ngokukhala. Kuthi uma simncenga, uthi ukulotha umsindo. Umama abheke mina sengathi uthi angikhethe ukuthi yiliphi-ke manje iwele okuhanjiwa nalo. Nginikine ikhanda. Ngimbone umama egoba ezibuka izingane. Zilele azithi nyaka. Athule umama. Elule isandla. Siqhaqhazele. Athinte ingalo yengane. Ayiyeke. Aselule futhi. Athinte enye ingane. Ayiyeke. Asonge izandla. Umkami uthule ungathi usomile qha ubuka izingane zakhe. Umama abheke mina. Mina ngibheke umkami. Uthule umkami akathi nyaka. Yizinyembezi nje ezilokhu zithe dli, ziconsela phansi.

"Ngithe ngibona umama wayelula zombili izandla, egxavula enye ingane eyiphakamisela esifubeni sakhe. Amehlo omkami ayilandela. Wathula umama. Ngabona umkami eluleka esondeza ubuso enganeni eyanga esiphongweni. Yathi ukunyakanyakaza yabuye yathula, yalala. Wasukuma kancane umama, waya ngasemnyango. Ngabona umkami ezithi mbo ngekhanda emseleni. Waphuma umama. Ngamlandela.

"Kuthe sesiphandle umama wathi angimphelekezele. Kwathi noma ngizwa kungavumi, ngathi cha, angimphelekezele nangempela. Ngamphelekezela indawo ende kwaze kwasho yena ukuthi angime, aqhubeke yedwa abheke ngasesiweni. Kube yisikhathi

eside. Ngithe ngibona laliqhamuka ithunzana. Useyabuya. Uhamba yedwa. Afike abambe ingalo yami sihambisane sibuyele ekhaya.

"Kwathula ekhaya ngalelolanga. Kwaba sengathi akukho muntu Akuvumanga ukuba ngilale. Kwakuthi noma buthi lelele ubuthongo ngethuswe izwana lengane ekhala sengathi iphezu kwami. Kwathi lapho sekusa kwayisikhathi bufika ubuthongo.

"Ekuvukeni kwami ngathi yaluyalu phandle. Emva kwesikhathi ngaphawula ukuthi endlini kamama kusavaliwe. Ngaya khona ngafica ukuthi umnyango ubuyisiwe nje, akuvaliwe thaqa. Ngathi uma ngibuza kwabanye abasekhaya bathi abakaze bambone. Wo! nakho-ke okukhulu! Umama ushonephi? Ngabe uthathwe yini ebusuku? Ingani sehlukane kungekho lutho alushilo ngokuthi angase avukele endaweni ethile? Nokho kwadingeka ukuba silindele nje.

"Ngokuqhubeka kwelanga akaze abuya umama. Lajika. Lutho. Lashona. Lutho. Laphuma. Do. Kwakhanya-ke manje ukuthi kukhona okukhona. Sekudingeka nokuba ngihlabe umkhosi manje ngitshele nobaba ukuthi kwenzenjani. Kwangubudididi. Kwangubuyaluyalu.

"Kwaba yizinsuku ezilukhuni lezo Fana. Bheka-ke ngoba kwasho ukuthi kumele ngehle ngenyuke ngithungathana nomama. Umuntu angevele anyamalale nje! Emdala! Indawo eyazi! Ngathumela nakwabanye abantu ukuba bangifunise. Kwacweba nje.

"Okuyikhona osekususa umqondo wethu kumama ukugula komkami. Wanele wahlabeka nje, kwadingeka ukuba ngibuyele ekhaya ngizame ezinye izaba. Ngizama izaba nje senginalo uvalo lokuthi ngichitha isikhathi. Kodwa okungiphethe kabi ukuthi uma kwenzeka ingozi lengane esele izoba yini? Akwaba nsuku, wedlula umkami. Wo, Fana, ubuthi mhlawumbe ngiyancokola uma ngithi uma ufuna ukwazi ukuhlupheka wokubuza kimina."



"Sengiyakholwa Baba."

"Ngisho ngoba kwedlula izinsukwana, yahlabeka nengane. Ho, madoda, wawungathi yinganekwane. Shoniyane ingane. Ngisale ngedwa. Sengingumtshingo ubethwa yini manje. Nomama akasekho, nezingane zami sezishonile. Kwavele kwahlala obala ukuthi kuzolandela mina manje. Ngapaquza Fana. Sengibone kahle ukuthi uma ngithi ngethembele ezinyangeni ngabe ngichitha isikhathi."

"Wenzenjani Baba?"

"Wo, suka, ngabaleka. Uma kuthiwa ukufa akubalekelwa nje, mina ngivele ngimtshele umuntu ukuthi mina ngakubalekela ukufa. Ngabaleka ngoba sengizidelele ukuthi nje noma kungifica ngcono kungifice sengikwelinye izwe. Ngabaleka ngaya ezindaweni engingazazi, engaziyo futhi ukuthi ngeke ngitholwe muntu kuzona. Ngaqala ngabheka kwaNongoma. Ngabuya kwaNongoma, ngabheka kwaDukuza. Ngasuka lapho ngabheka eMgungundlovu. Kuzo zonke lezizindawo ngifike ngicele umsebenzi. Uma ngike ngabona nje ukuthi kukhona ongibheka ngeso lengulube, ngiyashiya . . ."

"Umama . . . ngingathi ugogo lona manje?"

"Angizwa lutho ngomama. Ekuqhubekeni kweminyaka ngaze ngadela ukuthi ngiyobe ngisambona. Ngathatha ngokuthi nje noma ngabe waphila, waze wabuye wazedlulela emhlabeni.

"Kodwa-ke ngiyakubona nje nokukamama. Wase evele ekhulile. Okwasala kuyimpamba eyisilonda kimina ukufa kwengane yami esayoyibulala ebusuku. Ngaba nokuzisola ukuthi ngcono ukuba sasibulele elinye iwele; leli esalibulala kokunye yilona elalizophila nje. Pho-ke kusizani ukukhala kamuva?

"Nanamuhla inkinga esangihluphayo ukuthi kuke kube khonyana ukungabaza ukuthi umama walibulala ngempela elinye iwele.

Bheka ngoba kwathi noma siyobheka esiweni asathola nokuncane nje okufanekisa ukuthi ngabe iwele lelo lilahlwe lapho. Okwasuke kwaqina emphefumulweni wami ngemuva kokubaleka kwami ukuthi kokunye umama wayengalibulalanga elinye iwele, kodwa evele walishiya ngendlela ethile, kanti uzovuka ebusuku bese ehamba nalo. Yilokho mfana wami engisakholelwa kukhona noma ngingenabufakazi obutheni. Yikhona-ke lokho osekungiqede nya, ukuthi pho njengoba lowomntanami angimngcwabanga ngabe amathambo akhe akuphi? Ngezinye izinsuku ngike ngethembe nokuthi kungenzeka ngize ngihlangane naye.

"Kulezizinsuku nje sekusondele neminyaka yokuba ngithole umhlalaphansi ngenxa yokuhamba kweminyaka. Izindawo zami zikhona eNembe, kodwa ngeke ngaya khona. Ngingathi ngiyokwenzani ngoba noma esafa umthakathi owayelwa nathi ngizohlalahlala bese ngibuka abantu bebanga indawo yami?"

Ngilizwe izwi lakhe lidlekezela okumuntu osekhala ngempela manje.

"Khona sengisebenzile, ngazama ukuzibekela ifana. Konke lokhu engikuzamile kuzodlala abantu abazokwazi ukuthi anginabani. Ukuzikhandla kwami yonke leminyaka bekubangwa yithenjana nje lokuthi kungenzeka ngesiphosiso ukuba ingane yami yaphila, siyobuye sihlangane. Manje sengigeze izandla. Sengigeze izandla mfana wami." Zehla ngempela manje izinyembezi.

Noma kungavumi nakimina ngaze ngamchazela ubaba ukuthi isibongo lesi ngasithola lapho ugogo wangikhulisela khona. Naye ugogo wangitshela yona lendaba esengiyizwa kanje. Wawa evuka nami kanti ngizoba nenhlahla. Wavele wakhamisa ubaba esezwa ngemizamo yami ngimfuna, ngoba ngiwuzwile umoyana ukuthi ungapha.

"Mntanami! Hawu, kanti nginenhlahla engaka! Mntanami!" Washo engibamba ngazo zombili ubaba, ekhala, kwalapho nakimina azisabambeki izinyembezi.



Kulokhokubambana kwethu sezwa sekukhala umshini le kude. Kwakhala omunye. Kwakhala eminye. Kwaduma yonke indawo, wena zimoto, wena magogogo, wena macilongo, wena zigubhu, wenani. Kwahlangana nezinto eziqhumayo. Kwenanela amazwi abantu bonke bebabaza ukuqala kwezinga elisha empilweni yabo.

Ubaba wangidedela kancane wangibuka ebusweni ngamuzwa esethi: "Ngikufisela unyaka omusha omuhle mntanami!" washo emoyizela, kodwa umlilo usazikhanyisile izinyembezi ezehla ezihlathini.

"Ngikufisela unyaka omusha omuhle Baba. NgesiNgisi bathi *Happy New Year'!*"